# BETHULEKE UMTHWALO ABE-*NETBALL* BEQOKA KALULA ABAZODLALA KWI-TNL

**MZWAMANDLA ZONDI**




NGABADLALI beBeach Blitz yaseThekwini behalaliselwa yizikhulu ezahlukene emuva kokuba yizingqwele zeKZN Premier's Netball Cup ebiKwaMhlabuyalingana. **ISITHOMBE NGABE: DSAC**

BETHULEKE umthwalo abeKwaZulu-Natal Netball behlelelwa wuhulumeni wesifundazwe umqhudelwano abawusebenzise ukuqoka abadlali abawu-40 abazongena emaqenjini azomela isifundazwe kwiTelkom Netball League (TNL).

Lokhu kuzwakaliswe nguGugu Ngema ongumengameli weKZN Netball, ngemuva kokuphothulwa kwemidlalo ebingempelasonto eManguzi Multi-purpose Centre, KwaMhlabuyalingana.

Le midlalo enqotshwe yiBeach Blitz yaseThekwini, beyibizwa ngeKZN Premier's Netball Cup, kanti iqale ngoLwesine yasongwa ngeSonto.

Lo mqhudelwano uqale nyakenye eThekwini, kanti inhloso yawo wukukhiqiza abadlali abazokuba yingxenye yamaqembu esifundazwe azodlala kwiTNL ezoqala maduzane.

IBlitz idle ubhedu ngokubhaxabula Inkosi All Stars yaseKing Cetshwayo ngo-47-33.

I-All Stars yiyona eyaba yizingqwele zanyakenye.

IHarrycains ihlomule ngendondo yethusi ngokwehlula iVigilant Eagles yaseZululand ngo-51-43.

IMeya yaKwaMhlabuyalingana, uThembinkosi Khumalo, ithe ijabule ngokuza kwalo mqhudelwano endaweni yayo.

Ithe iyafisa ukuba imidlalo efuze lena iphinde ibuye ukugcina ihholo labo limatasa.

Ithe lo mqhudelwano ushiye umnotho kule ndawo njengoba izindawo zokulala bezigcwele phama.

Ekhuluma emuva kokusongwa kwalo mqhudelwano uGugu, uthe: "Ngibone ikhono elisezingeni eliphezulu nonyaka. Ngithanda ukubonga kundunankulu wesifundazwe ngokusihlelela le midlalo.

"Phambilini besiphathwa ngamakhanda uma kufanele siqoke abadlali, manje sibheme sakholwa ngethalente esilibonile. Siqoke abadlali abawu-40 abazongena emaqenjini ethu azodlala kwiTNL.

"Abawu-8 kubona bazodliwa izembe.

"Okungiphatha kabi wukuthi uMkhanyakude kawenzi kahle kulo mqhudelwano. Phela eMkhanyakude sike saba nomengameli weNetball South Africa (NSA) (uMimi Mthethwa naye obekhona) kanti nomdlali wokuqala wePro-teas waphuma lapha. Ngakho-ke ngithi uMkhanyakude mawubhukule."

Unxenxe abaxhasi ukusondela kulo mdlalo.

Ubonge abakwa-Aquelle ngokuwa bevuka nabo. Uthe manje basanda kusayina isivumelwano seminyaka emibili nabo.

UMntomuhle Khawula ongungqongqoshe wezemidlalo KwaZulu-Natal, uthe i-*netball* yenza kahle esifundazweni.

Uthe kubalulekile ukuba isifundazwe sibe neSports Indaba ukusiza ukuthuthukisa ezemidlalo.

Unxuse umphakathi ukuphuma ngobuningi ukuyokweseka imidlalo uma ihlelwe ezindaweni ohlala kuzona.

**Imiphumela yabadlali abathole imiklomelo imi kanje:**

**IBest Shooter** kube nguMbali Diphoko; **iBest MidCourt** uNompumelelo Khumalo; **iBest Defender** uNozipho Ntshangase, **owe-Valuable Player** uthathwe nguThulisile Maduna.


**NQUTHU MUNICIPALITY**
**UMASIPALA WASE NQUTHU**

**TENDER NOTICE**

Invitation to tenders for:

| Tender Name | Tender Number | Last date of sale | Purchase Price | Tender Closure |
|---|---|---|---|---|
| **PROVISION OF VENDING SYSTEM FOR A PERIOD OF 36 MONTHS.** | **NQULM47/25-26** Obtainable from Cashiers' Office only. | Last sale of tender document is 16 March 2026 at 15h30. | R460.00 | Monday, 30 March 2026 at 12h00. |
| **PROVISION OF SANITARY DISPOSAL SERVICES CONTRACT FOR A PERIOD OF 36 MONTHS.** | **NQULM45/25-26** Obtainable from Cashiers' Office only. | Last sale of tender document is 16 March 2026 at 15h30. | R460.00 | Monday, 30 March 2026 at 12h00. |

**The Municipality will evaluate the above-mentioned projects as follows:**

- Tender document will be evaluated using price, returnable documents, functionality and specific goals.
- Nquthu Municipality has adopted policy in terms of selection criteria that will be followed, and that policy will be adhered to in evaluating the above projects.

**TERMS AND CONDITIONS**

- The lowest acceptable price will score 80 points: price, and 20 points for specific goals.
- All price quotations that have a rand value of R1.00 to R50 000 000.00 including VAT, will be evaluated by applying the **80/20** Principle as Prescribed by the Preferential Procurement Policy Framework Act of 2022.

| The specific goals allocated points in terms of this tender | Number of points allocated (80/20 system) | Verification Documents |
|---|---|---|
| **Specific goal 1: Ownership (Max Points = 10)** | | |
| Business owned more than 50% by black person | 10 | ID copy of Directors and CSD |
| Business owned less than 50% by black person | 5 | ID copy of Directors and CSD |
| **Specific goal 2: RDP (Max Points = 10)** | | |
| Promotion of enterprises located within: Nquthu Municipal area | 10 | CSD and proof of Municipal accounts/affidavit |
| UMzinyathi District Municipality | 6 | CSD and proof of Municipal accounts/affidavit/ proof of residence signed by Ward Councillor |
| Province of KwaZulu-Natal | 3 | CSD and proof of Municipal accounts/affidavit/ proof of residence signed by Ward Councillor |
| Other Provinces | 1 | CSD and proof of Municipal accounts/affidavit/ proof of residence signed by Ward Councillor |

**Queries relating to the issue of the above-mentioned document may be addressed to:**

| Contact Person | | Tel. No. | E-mail |
|---|---|---|---|
| Miss. S. Zondi | Manager Admin | (034) 271 6100 ext. 6130 | szondi@nquthu.gov.za |
| Miss. L. Shabalala | Manager Revenue | (034) 271 6100 ext. 6126 | londiwes@nquthu.gov.za |
| Miss. S.S. Zulu | Manager SCM | (034) 271 6100 ext. 6108 | sszulu@nquthu.gov.za |

Tender documents will be selling during office hours (08h00 to 15h30 Monday - Thursday, Friday at 08h00 - 14h30 at **Nquthu Municipal Offices, 83/11 Mdlalose Street, Nquthu, Cashiers Office from Thursday, 26 February 2026.**

Each document will be issued upon payment of non-refundable amount, please refer to the table above.

Tenders may only be submitted on the tender document that was issued. Requirements for sealing, addressing, delivery, openings and assessment are stated in the tender data. Nquthu Municipality requests all service providers to register in their database and CSD.

The Municipality is not obliged to accept the lowest or any bidder. Bidder will be adjudicated in terms of the Council's Supply Chain Management Policy.

**CLOSING DATE AND SUBMISSION OF TENDERS:** As per above table (see "tender closure"), at the **Offices of Nquthu Municipality at 12h00.** No late tenders will be accepted. Tenders should be clearly marked on their envelopes with the **NAME OF TENDER AND TENDER NUMBER.**

**MR M.B. JIYANE: MUNICIPAL MANAGER**


# Libukeka lizalelwe yinj' endlini ibhokisa laseMphithi

## Umqeqeshi uthi bayazi ukuthi abaningi sebeqalile ukuphosa ithawula ngoPrince Dlomo

**LINDA XIMBA**

UZALELWE yinja endlini uPrince Dlomo (**osesithombeni**), oqhathwe noPhumelelo Ngcobo empini - okungabuzwa ukuthi izocacisa ngekusasa lakhe esibhakeleni - ezokuba ngeSonto emini, ePortuguese Hall, eThekwini.

Ngesikhathi uDlomo egcina ukulwa eThekwini eminyakeni emibili edlule, walahlekelwa yisicoco sikazwelonke se-*junior welterweight*.

Leli bhokisa laseMgungundlovu, kodwa eselizinze eGoli, laqunjwa phansi nguNtethelelo Nkosi ngomzuliswano ka-9.

Laliye kule mpi ligcwele ukuzethemba, kwazise laselisivikele kathathu lesi sicoco.

UDlomo ubuyele eGoli walaxaza umqeqeshi wakhe, uSam "Xamukavinjelwa" Ndlovu, wabuyela komdala, uCharity Mukondeleli, owamsiza ekubeni yingqwele eminyakeni emithathu edlule.




Uzokuya empini noNgcobo enengcindezi, futhi kunemibuzo ngaye.

Usehlulwe ezimpini ezintathu kulandelana, kanti kweyokugcina ushaywe nguKutlwano Ogaketse eGrand Palm Hotel, eGaborone, eBotswana ngasekupheleni konyaka odlule.

Ebuzwa uMukondeleli ukuthi sebewalungisile yini amaphutha njengoba uDlomo esehlulwe kangaka, uthe yisipiliyoni sizobasebenzela, futhi kakubasabisi ukuvutha kukaNgcobo osenqobe izimpi ezine.

"Siyazi ukuthi abaningi sebeqalile ukuphosa ithawula ngoPrince, kodwa ngibona ezophendula amatafula. Ngokwethu, kasifuni impi idonse ize ifike emizuliswaneni ewu-8, ngoba lesi sitha sakhe sisavunywa yiminyaka futhi siyavutha, kungenzeka siphazamise izinhlelo zethu," kusho lo mqeqeshi waseGoli.

UNgcobo - osebenza njengesicishamlilo, uma engasidlali isibhakela - wagcina ukulwa ehlula ngamaphuzu uKhumbulani Flint Mdletshe empini eyayiseShowe ngasemaphethelweni onyaka odlule.

Leli bhokisa liphekwa nguSizwe "Bhubesi" Mthembu nophromotha uZwi Magudulela eThekwini Boxing Gym.

☛ Khonamanjalo, empini elindelwe ngabomvu, uTholumusa "Mfundisi" Ngema waseMpangeni noSthembiso Madunа waseMnambithi, bazotholana phezulu embangweni wesicoco esingaphethwe muntu seKwaZulu-Natal *featherweight*.

Lezi zimpi kulindeleke ukuba zishise, kanti ziqhathwe nguSandile Vilakazi weSiyethaba Boxing Promotions, osezakhele ugazi ngokunika iningi lamabhokisa athuthukayo amathuba.

**Sezizonke izimpi ziqhathwe kanje:**

Nolwazi Vilakazi v Sinothile Mbambo (welterweight, 4 rounds), Cebelihle Mpanza v Siphamandla Nkomo (junior featherweight, 4 rounds), Lindani Dube v Libuyile Gawuza (featherweight, 4 rounds), Thabiso Mthembu v John Bilal (welterweight, 4 rounds), Flint Mdletshe v Alkay Sikhosana (middleweight, 6 rounds), Nkululeko Mthonti v Siza Ngiba (bantamweight, 6 rounds).